

Soek jy 'n fantastiese tutor?

www.teachme2.com/matriek





basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

LWEZI 2024

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 100

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-10.

UMBUZO 1**OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)**

- 1.1 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Ukulandisa ngento eyamshayisa ngovalo kwadingeka ukuthi agijime kakhulu ukuze asindise impilo yakhe/ukulwela ukuphumelela. Isb. Ukuhlangabezana nezigebugu, ukubona into ethusayo njengenyoka, ukuguquka kwesimo sezulu, njl. **[50]**
- 1.2 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Makachaze ububhoklolo obunhlobonhlobo obudlangile ezikoleni zakuleli. Isb. Ukushaywa kwabafundi, ukuphucwa imali, nokubahlaza ezinkundleni zokuxhumana okwenziwa ngamabhoklolo, njl. **[50]**
- 1.3 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Angabhala ngezimo ezahlukene empilweni umuntu angadluka kuzona. Isb. Ubunzima abhekana nabo ngesikhathi ehlelwa umshophi wokudlula kwabazali bakhe esemncane kepha wacina esephumelele, njl. **[50]**
- 1.4 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Ohlolwayo makaveze Ukuvumelana noma ukungahambisani nendaba yokulala isikhathi esingamahora ayi-8 ngosuku.
- Isb. Ukuvumelana: angabhala ngokuthi umzimba uyadinga ukuphumula ngikwanele uma kade usebenza kanzima, njl.
- Ukungavumelani: Angabhala ngokuthi ukulala isikhathi esingaka kukhuthaza ukuba abantu babe ngamavila, njl. **[50]**
- 1.5 Ohlolwayo makakhethe uhlangothi olulodwa oluzofakazela ukuvumelana noma ukuphikisana nesihloko:
- Ukuvumelana: Ohlolwayo makaveze izibonelo zabantu abaziphatha kahle ngenxa yokuzibandakanya emidlalweni, neqhaza abalibambile ukuthuthukisa ikhono labadlali abasafufusa.
- Isb. Bayathuthuka, bavule amabhizinisi abo, bakwazi ukuzithengela imizi yabo, bamele isizwe emidlalweni ehluahlukene, njl.
- Ukuphikisana: Ohlolwayo makaveze izibonelo eziveza abantu abangaziphethe kahle ngenxa yokungawasebenzisi amathuba abawatholile okudlala. Baze bagcina sebengelutho empilweni.
- Isb. Udumo lwenza baqale basebenzise izidakamizwa, badudane nabangane abangalungile, basaphaze imali, baphelelwe ubuntu nenhlonipho. **[50]**
- 1.6 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Makachaze ubuhle bokuba nomngani oqotho. Isb. Umngani oba wusizo uma omunye enezinkinga futhi othembekile, ubuhle nokuzinakekela kwabantu besifazane, njl. **[50]**

- 1.7 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Isb.

Abantu abayi nganxanye bengemanzi, akulungile ukuba yinkomo edla yodwa, yiba nesibindi uzimele ukuze uphumelele uhluke kuquqaba.

[50]

- 1.8 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Isb.

Imfundo iyamshintsha umuntu, imfundo isikhali sempilo, ufunda uze ufe, njl.

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU A: INDABA**UMBULO 1****QAPHELA:**

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhrikhi uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniwe ngokwamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho: okuqukethwe nolimi, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu ihlukaniswe izingxenywe ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenywe engenhla kanye nengezansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwezingxenywe. Ayikho ingxenywe engenhla noma engezansi.

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50]

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
OKUQUKETHWE KANYE NAMALUNGISELELO (Izimpendulo kanye nemibono) Ukuhlela imibono uyihlelela amalungiselelo Ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo AMAMAKI ANGAMA-30	Ingenye engenhla	28–30	22–24	16–18	10–12	4–6
		-Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindlekile -Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekhombisa ukuvuthwa komqondo -Ihleleke ngobunyoninco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo yakheke kahle impela -Imibono eshaya emhlohlweni nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo eyenelisayo -Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhlohlweni -Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo ikhombisa ukungahlangani -Imibono engacacile nekungeyona eyokuzisungulela -Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana	-Impendulo enhlanhlathayo -Imibono edidayo nenganembi -Akuzwakali kunokuphindaphinda -Akukho ukuhlela kanye nokulandelana
	Ingenye engezansi	25–27	19–21	13–15	7–9	0–3
		-Impendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enembayo -Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha -Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo yakheke kahle -Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo eyenelisayo kodwa intula ukucacisa -Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka -Kukhona okukhomba ukuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo engashayi emhlohlweni -Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida -Ukuhlela kanye nokulandelana akukho	-Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko -Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene -Akuqondene nesihloko futhi kuphithene

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50] (ayaqhubeka)

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
ULIMI, ISITAYELA & UKULUNGISA AMAPHUTHA Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo, ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi AMAMAKI AYI-15	Ingxenywe engenhlia	14–15 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Ithoni ekhomba ukuheha kanye namasu obuciko obunembayo -Akunamaphutha sanhlobo ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	11–12 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lufanelekile kanye nokusetshenziswa kwethoni ngendlela efanelekile -Kukhombisa ukungabi namaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle kakhulu	8–9 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo kusendimeni -Ithoni ifanelekile -Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe	5–6 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokungagculisi nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo akugculisi -Ithoni nephimbo akugculisi -Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe	0–3 -Ulimi aluqondakali -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama aluhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda
	Ingxenywe engezansi	13 -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	10 -Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile -Ithoni iyahambisana futhi ifanelekile -Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle	7 -Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa -Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo	4 -Ukusetshenziswa kolimi okunamaphutha -Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho -Ulwazimagama olunomkhawulo	
ISAKHIWO Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho AMAMAKI AYISI-5		5 -Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo -Ukucacisa okunembayo -Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu	4 -Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba -Ukucacisa okuhle, Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile	3 -Ukuthuthuka kwendaba okusendimeni -Imisho, izigaba kwakheke kahle -I-eseyi isenawo umqondo	2 -Amaphuzu ambalwa azwakalayo -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha	0–1 -Amaphuzu awatholakali -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi ayinamqondo

Amakhodi angasetshenziswa uma kumakwa

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.

PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.

L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.

// – khombisa isigaba esisha.

NK – inkathi engemukelekile.

AP – i-aphostilofi engemukelekile.

GL – amagama awalandelani ngokufanele.

R – irejista.

KM – akwenzi mqondo.

ISIV. – isivumelwano esingahambisani.

AK – akudingekile.

^ – kunegama noma uphawu olungekho.

GN – igama elingcono.

NQ – nqamula amagama ngendlela efanelekile ekugcineni komugqa.

PND- ukuphindaphinda amagama.

□ – ukuhlanganisa amagama

/ – hlukanisa amagama

√ - ulimi oluhle

} KM - isigaba esingenzi mqondo

AMAKHODI AMAMAKI

Q = 30

L = 15

SK = 05

50**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, sinamandla, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba, sinobude obukhombisa ukuthi indaba iyethulwa noma iyangeniswa.
- Umzimba:
 - (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
 - (ii) Zihleleke kahle: Isigaba siqala ngomusho oyinhloko bese siba nemisho esekelayo. Masibe nomqondo ophelele.
 - (iii) Umbhalo nombhalo uhambelana nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho:
 - (i) Siyisigaba esisodwa.
 - (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa
 - (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa/ukuncoma

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**INCWADI YOBUNGANI/I-IMEYILI/ISIBUYEKEZO/I-ATHIKHILI YEPHEPHABHUKU/I-INTHAYVU/UMLANDO KAMUFI****IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-25]**

Okungabonwa ngakho	Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
OKUQUKETHWE, AMALUNGISELELO & NEFOMATHI Impendulo kanye nemibono Ukuhlela imibono ukuze kube namalungiselelo Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo AMAMAKI AYI-15	13–15 -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umbhalo unamathele esihlokweni -Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko -Ifomathi efanelekile necacile	10–12 -Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathele esihlokweni -Kunamaphushana -Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko -Ifomathi efanele enamaphushana	7–9 -Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathele esihlokweni – inamaphutha asendimeni -Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Ifomathi efanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa	4–6 -Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha amaningana -Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Usebenzise ngokunganele imithetho yefomathi -Kukhona okumbalwa okubalulekile	0–3 -Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umqondo uyanhlanhlatha kunamaphutha amakhulu -Imibono ayilandelani sanhlobo -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yefomathi
ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama Izimpawu zokuloba kanye nesipelingi AMAMAKI AYI-10	9–10 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu -Akunamaphutha sanhlobo	7–8 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Ulwazimagama oluhle -Kunamaphushana	5–6 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kunamaphutha ambalwa -Ulwazimagama olusendimeni -Amaphutha awawuphazamisi umqondo	3–4 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi -Ulwazimagama olunganele -Umqondo awusalandeleki kahle	0–2 -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida -Ulwazimagama aluhambisani nenhloso -Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2****Amamaki azocazwa ngale ndlela:****OKUQUKETHWE, AMALUNGISELELO NESAKHIWO (15)
ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (10)****OKULINDELEKILE****2.1 INCWADI YOBUNGANI**

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

- Ikheli elilodwa lobhalayo
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku. Isb. (11 Lwezi 2024/11 Novemba 2024/11-11-2024)
- Obhalelwayo makabingelelwe sakukhuluma. Nomusa, Sakhile
- Isigaba sokuqala angaqalisa kanje: Ngiyathemba ..., Ngiyaxolisa ..., Ngabonga ...
- Isigaba sesibili masikhulume ngengqikithi yencwadi. (Kumele aluleke uthumbu wakwabo ngokuyeka isikole kepha afunde aqede ngoba kungenzeka kube nobunzima emculweni)
- Isigaba sesithathu ukuphetha incwadi
- Ohlolwayo makasebenzise ulimi olufanele/irejista efanele.
- Makavalelise akhombise ukumazi lowo ambhalelayo
Isb. Yimina udadewenu/umfowenu
u-Andile

[25]**2.2 I-IMEYILI**

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

- Ikheli elilodwa lobhalelwayo. Isb: **Iya ku:** dlamini.leverbothers@gmail.com
- Ikheli elilodwa lobhalayo. Isb: **Ivela ku:** thandeka@gmail.com

Isihloko: Ingqikithi yesihloko/asiqonde ngqoObhalelwayo makabingelelwe sakukhuluma:
Mnumzane/Nkosikazi/Nkosazane

- **Isigaba sokuqala** angaqalisa kanje:
Ngabonga ...
- **Isigaba sesibili** masikhulume ngengqikithi yencwadi (ukubonga ukunikezwa umfundaze.)
- **Isigaba sesithathu** masikhulume ngengqikithi ye-imeyili, ukuthembisa ukuthi uzofunda ngokuzimisela.
Ohlolwayo makasebenzise ulimi olukhombisa ukubonga nokujabula
- **Isiphetho:** Makavalelise akhombise ukuhlonipha lo ambhalelayo
Isb. Yimina ozithobayo
uThandeka Ngcobo (Nkz)

[25]

2.3 ISIBUYEKEZO

- Isihloko: Masiveze ukuthi isibuyekezo simayelana nani
- Umzimba: Ohlolwayo makaveze la maphuzu abhekise kulo mdlalo kamabonakude omfushane
 - Imininingwane yohlobo lomdlalo
 - Uthathe isikhathi esingakanani
 - Imininingwane yabahleli nababhali balowo mdlalo
 - Usuku odlalwa ngalo
 - Isikhathi owethulwa ngaso
 - Ukuphawula ngabantu abadlala kulo mdlalo.
 - Ukuphawula ngokuhle kanye nokungekuhle okwenzeka kulo mdlalo
- Isiphetho sesibuyekezo: Makuvele umbono wohlolwayo ngalo mdlalo, angancoma noma agxeke

[25]

2.4 I-ATHIKHILI YEPHEPHABHUKU

- Isihloko okubhalwa ngaphansi kwaso: Umphumela odalwa ukuhlala kwezingane emigwaqeni.
- Igama lobhalile lingaba sekuqaleni noma ekugcineni kwe-athikhili. **Isb.** Ibhalwe ngu-Oyenamenzi wezinto zonke Cele
- Ayibe nesakhiwo (isingeniso, umzimba, nesiphetho)
- Isigaba sokuqala-Isingeniso: Makuvele ukuthi uyasethula isihloko sakhe
- Isigaba sesibili-Umzimba: Makenabe ngesihloko kuvele amaqiniso, aluleke anike izibonelo lapho kudingeka khona
- Isigaba sesithathu: Isiphetho: Makaxwayise, anike izeluleko ngesihloko

[25]

2.5 I-INTHAVYU

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

QAPHELA: Bathathu abantu okumele bakhulume kule inthavyu.

- I-inthavyu mayibe nesihloko. Isb. I-Inthavyu Phakathi KukaSonhlalakahle Nezelamani
- Isingeniso/isethulo sifakwa kubakaki, esiveza amagama abo, indawo, isikhathi.
- Obhalayo makaveze abalingiswa beqala ukuxoxa namagama abo
- Umzimba: Mayikhule i-inthavyu yabo kodwa inamathele esihlokweni abasinikiwe sezelamani zakwamakhelwane ezingaboni ngaso linye
- Isiphetho: Makuvele ukuthi kuzothokozelwa ukungenelela kukaSonhlalakahle ukuze kulungiswe lesi simo, njl.
- Makasebenzise ulimi olufanele/irejista efanele Makayiphethe kahle i-inthavyu yakhe

[25]

2.6 UMLANDO KAMUFI

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

- Isihloko: Isibonelo sesihloko
Umlando kamufi uNtokozo Mabaso ongasekho
- Isigaba sokuqala:
 - Ukuqala ngamagama akhe aphelele
 - Indawo azalelwa kuyo
 - Usuku azalwa ngalo
 - Amagama abazali bakhe (makuvezwe ukuthi basaphila noma cha)
 - Usuku adlule ngalo emhlabeni
- Isigaba sesibili:
 - Izikole afunde kuzona (amabanga aphansi, aphakeme naphakathi nendawo)
- Isigaba sesithathu:
 - Amagalelo akhe esikoleni/emsebenzini
 - Iqhaza abelibambe ezinhlelweni zentsha
 - Iqhaza lakhe emphakathini
 - Ukuhlabana kwakhe okwahlukahlukene
- Isigaba sesine:
 - Abashiyile emhlabeni

Isiphetho: Makukhonjiswe ukuthi usuyaphethwa umlando kamufi.

Angasebenzisa la magama Isb: LALA NGOXOLO MTUNGWA.

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 50
AMAMAKI ESEWONKE: 100